



Growing Together in Christ

EVANGELICAL LUTHERAN CHURCH IN SOUTHERN AFRICA

SOUTH-EASTERN DIOCESE

2016 DIOCESAN RALLY

BHEKUZULU HALL - UNIZULU



Iculo: 187 “Ngesaba umthetho kaNkulunkulu”

Iyini iRally ngokujwayelekile?

- Ingukuhlanganisa abantu ukuba basekele noma bahlanganye umzamo kumbe umzabalazo othile!

Umthethosisekelo ka-ELCSA uyayiqonda yini iRally?

- Iyithuba lokukhulisana ngokomoya, kolwazi ngokokuziphatha nangokwenqubo yebandla.
- Iyisikhathi sokubuka emuva uhlole umsebenzi osuwenziwe ngenhlosi yokuwenza ngcono.
- Iyinto yokuqinisa ubunye beBandla, okuyiDiocese kithi
- Iyithuba lokungenisa izinguquko ezintsha nokunongwa kuthuthukiswe iNkonzo.
- Iyithuba lokukhulisa umnotho

Ivangeli eliyiTekisi lanamuhla: Johane 8:31 – 36. *Iqiniso liyafelwa; uma usulazi usulibonile iqiniso livikele ulifele! Uma ungenakulilwela ulifele iqiniso awufanele ukuphila, awunto yalutho.*

Ivangeli ngokukaJohane uJesu limethula njengoLiZwi ophakade kaNkulunkulu, owaba umuntu waphila phakathi kwethu. Njengalokhu lencwadi uqobo isho, leliVangeli lalotshelwa ukuba abayifundayo babe nokukholwa ukuthi uJesu unguye uMsindisi othenjisiwe, iNdodana kaNkulunkulu, nokuthi ngokholo Iwabo kuye bangaba nokuphila – (John 20:31.)

UJohane ugcizelela Isipho sokuphila okuphakade ngoKristu, isipho esiqala manje futhi esiza kulabo abemukela uJesu njengendlela neQiniso nokuphila.

Verse 30: “**Esakhulumia lokho, abaningi bakholwa nguye.**” Manje kusobala ukuthi abanye balaba abakholwa nguye babengabaJuda, yingakho Ku verse 31 kuthiwa, “Khona uJesu wathi kubaJuda abase bekholiwe nguye: “**Uma nimi ezwini lami, ningabafundi bami isibili; niyakulazi iqiniso, neqiniso liyakunikhulula.**”

KuleliVangeli, “**iqiniso**” alisho nje lokho okuyiqiniso nxa kuqhathaniswa nokungamanga; kodwa kusho ulwazi lokwazi uNkulunkulu njengalokhu embulwa ebunjaliweni bukaKristu. Ukwazi leliqiniso kungukwazi uNkulunkulu, uNkulunkulu owenziwe wakhona kuJesu, “oyindlela, neQiniso nokuphila” (14:6). UJesu lokhu ukubeka kucace ku-8:36, lapho esejika asebenzise ukuthi “iNdodana” esikhundleni sokuthi “iqinso” esethi iNdodana ikhulula abantu. “Njenge-Ndodana” ne-“giniso” uJesu uqobo uysambulo esiyiso sikaNkulunkulu, (1:18; 5:19-27; 14:8-10)

UJesu akakulindele ukuba abamzwayo bafinyelele ekuqondeni ngokuphelele akushoyo nokwamukela ubuqiniso bakho ngokusebenzisa ubuhlakani nocwaningo. Kodwa sofika isikhathi sokuba bamazi njengoyiQiniso uma bephila naye behlala kuye nezwi lakhe kubo. Okungukhiye lapha ukumuzwa yena hayi nje ngokucabanga okujwayelekile.

Ukuphawula kokuqala kukaJesu ku-8:31 – 32 kumumethe isethembiso. Zintathu izinto ezilandela lo uma wokuqala azisho kubantu abasebekhombisa ukukholwa kuye:

Uma nimi ezwini lami:

- ningabafundi bami isibili;
- niyakulazi iqiniso/Niyakungazi,
- neQiniso liyakunikhulula/ngiyakunikhulula.

UJohane ukuhlala kuxhunyenwe noJesu noma ukuhlala kuye nasemyalezweni wakhe kuyikhona sikalo esiyiso sokuba umfundis. Lokho nje kuyindlela eqonde kwiqiniso nenkululeko.

Nakuba usuku lokucandulwa kweBandla ngokwencazo lunensehle yokubuka emuva kumlando wezenzo zikaLuthela zeminyaka yo-1517 kanye nakho konke okwahambisana nokucandulwa kwebandla ngokobuProtestant ngifisa namuhla sibheke kakhulu kulokho okuzinselelo zemanje nekusasa ezibiza ukuba sicandulwe sivuselelelw ebandleni nasemphakathini. Ukukhononda akusiso isono uma iqiniso libethelwa esiphambanweni. Okhokho bamaLuthela babeyingxene yabakhonondi bocandulo. Ukukhononda kungukuzwakalisa ilaka lakho lapho umele uvikela ngamazwi nangezenzo kwizimo

ezithile, ikakhulukazi nxa iqiniso selidla ngamapayipi. Ekukhonondeni okunjalo uMathewu ubhala athi, "Ningabesabi ababulala umzimba bengenamandla okubulala umphefumulo, kepha kakhulu mesabeni onamandla okubhubhisa nomphefumulo nomzimba esihogweni." (Matt. 10:28) UJesu lapha wayezwakalisa Ukukhononda kwakhe, funda kuso lesahluko 8:40: "... **kodwa kalokhu nifuna ukungibulala mina muntu onitshele iqiniso**, ..."

Inhlizyo yalelizwi lanamuhla ithi uJesu uyiqiniso futhi uyoikhulula.

Ngenkathi sibuka kwiqiniso elisikhulula ebugqileni kuhle sifunde emlandwini webandla lethu; kanye nasekucandulweni nobunye bezwe kanjalo nasezwini lokuprophetha okungekho bandla elingama liphile kungekho.

Ukucandulwa kanye nezwe elilodwa/Reformation and One World!

Ukucandulwa akubanga nje isehlakalo sesigodi kodwa kwaba nomthelela othinta umhlaba wonke kugcizelela ubuzinda bukaKristu oze ayothinta nasemngceleni. Futhi Ukucandulwa akubanga nje yinto yomphefumulo noma inkolo kuphela kodwa kwagovuza yonke imikhakha yokuphila kwezenhlalo, kwezombusazwe, kwezomnotho nakwezemfundo njalo, njalo.

UDokotela uPeter Hammond uthi iminikelo eyenziwa ngabacanduli nobunzulu bomfutho wokusebenzisa kwabo ngesibindi iZwi likaNkulunkulu kuyo yonke imikhakha yokuphila kudinga ukuba sikuvuse. Ibandla IoBuKristu lenze izinguquko emhlabeni ngaphezu kwanoma imaphi amandla kumbe inhlangano emlandwini.

Kodwa ngiyavumelana nalowo othi noma umhlaba usubukeka usumncane kunakuqala, ubuphofu, ukubandlululana, ubumpabanga kusewubuhlungu bemihla-ngemihla ezimpilweni zezinkumbi ezingenakubalwa kulomhlaba esiphila kuwo. Ngakho-ke noma sekndlule iminyaka engamakhulu amahlanu uLuthela aqongqothela imibhalwana engu-**95** esivalweni sesonto kusemi zona lezo zisekelo zesikompi: ukuqwashisa, ukukhanyisa nokukhononda!

Izwi lesiprofetho/Prophetic Voice

Ezikhathini zamanje iProphetic Vice ngokuvama isho ukukhuluma iqiniso. Okujwayelekile ukuthi abantu abakhuluma ngeprophetic voice basho izinto iningi elingathandi ukuzizwa. Ukuqagula izinto ezizokwenzeka kwikusasa kuyinto encane kakhulu kuloluhlobo Iwesiprofetho njengalokhu kunjalo kwiBible. Empeleni iningi labaprofethi babengaprofethi kanjalo. Akekho umprofethi owayenza okuhlukile kulokhu cishe kungaba uDaniyeli, noma ngingenaqiniso ongakaze abantu ukuba baphenduke noma benze okuthile.

Kungukuqonda iqiniso kwimibhalo engcwele njengoba isetshenziswa emlandwini.

AmaKristu abizelwe ukuba adlale indawo eprophetic kusikhathi esiphila kuso. Kusho ukuthini lokho na? Kuwo omabili amaTestamente Abaprofethi babethunywa uNkulunkulu ukudlulisela kubantu imiyalezo esemqoka. Babesebenza njengonembeza kaNkulunkulu kulabo ababethunywe kubo.

Sibizelwe ukuphila sikhulume amaqiniso kaNkulunkulu – lapho kanye esiphila sisebenza khona. Ngeke sakhexa sibambe esithanyeni sibukele ibandla nesizwe kuphonseka esiweni. Kumele sikhale ngesibindi siqwashise sikhombe okusemqoka eNkosini. Abaprofethi basebenza bekulo ibandla. Abaprofethi bangamalungu alo ibandla azibona bha izinto. Babuza imibuzo enzima baphonsele amalungu ebandla izinselelo ngezono esezi bukeka zizin zile kuwo.

“Niyakulazi iqiniso neQiniso liyakunikhulula.” Lesitati mende esinguntando kazi sivame ukusetshenziswa kwisimo sombusazwe kuqondiswe kwinkululeko yokuphuma ekucindezelweni ngokombusazwe, lapho kutuswa ubumqoka bokusakaza ngokukhululekile nokukhuluma ngenkululeko. Noma kunjalo kodwa uJesu lapha wayenokumqoka kナルokhu – hayi nje ukukhululeka kwezombusazwe kodwa ukukhululeka kwisazela namandla esono. Futhi ukhuluma ngeqiniso elivelu emthonjeni munye, oyiQiniso kwawona uqobo.

Ngaphambi kokuba ngiphethe lentshumayelo ngithanda ukubalula izinselelo ezimbawwa esibhekene nazo njengeBandla noMphakathi njengamanje; lezinselelo azidingi nje umkhuleko kuphela kodwa ukuba sibuye sisukume sense okuthile ngesibindi nangeqiniso!

Ukona njengeningi: Esikhathi esiphila kuso iningi labantu alisasenzi isono ngalodwana kodwa basenza bebaningi. Kuyinto enzima kabi ukusiza abantu abenze izono beyidlanza noma isigejane. Ukubeka icala iningi akulikhuni nje kuphela kodwa futhi kudla isikhathi. “**Siyinzalo ka-Abrahama thina, ...**” Isigejane sabajuda samphendula kanjalo uJesu. Uma izigebengu nezoni zisebenza ndawonye ziyingozi kakhulu kunesoni esisodwa. **Kodwa sofika isikhathi lapho umuntu ngomuntu eyozimela ngayedwana phambi kweJaji.**

Fees Must Fall Campaign:

Ibandla kumele licheme nezitshuden iezilwela ukuba kube nemfundo engatholwa nazimpabanga ngoba lomkhankaso umele izwi labampofu nababencisheke amathuba. Kodwa udlame ukulinyazwa kwempahla nabantu liziqhelanise nakho likhuthaze

ukukhononda ngokuthula. Futhi-ke nobuholi bezepolitiki abuyeke ukuheha amavoti ngokwenza izethembiso ezingaphusile abaziyo nabo ukuthi akulula ukuzifeza. Noma kunjalo kuhle futhi sazi ukuthi kungaba ingozi ukudala isikompilo/culture yokhangezile, njengesizwe kuhle sifundise abantwana bethi ukuzondla nokuzenzela.

Ukuba nebala elimhlophe/Albinism

Ukubulala abanebala elimhlophe kunguhlasela uNkulunkulu uqobo. Umhlaba ungowabo bonke abantu ukuba baphile kuwo. Ilungelo lokuphila liyilungelo lesintu ngakho ukubulala abanebala elimhlophe kungukubamuka ilungelo labo lokuphila. Ibandla kuhle lizwakalise izwi lalo ukuvikela abantu abanebala elimhlophe. Inkolo yesintu nezimo zomnotho ezimbi/poor economic conditions kumele ukusolwa ngokubulawa kwabanebala elimhlophe.

Corruption in our Media

Sokuyihlazo namuhla ukulalela izindaba, ufunde amaphephandaba ngoba sekuyiwo athatha uhlangothi oluthile esihlohlha ngenkani ukuba samukele okushiwo yiwo njengeqiniso. Ayingcosana uma esekhona amaphephandaba angasifunzi okungumqondo ka-Mhleli wawo. Igazi labantu abaningi lobizwa kuBahleli bezindaba esebengababulala ngosiba, abanye bebakhipha inyumbazana abanye bebaphanyeka onqamlezweni. Sidinga iqiniso hhayi nje umqondo kaMhleli evikela abathandayo. Kuyinhlamba kuNkulunkulu ukubukela phansi imiqondo yabafundi nabalaleni bezindaba sengathi uNkulunkulu wadala isilima ezingenabuchopho bokuzihluzela okuyikho kokungeyikho.

R40 Million Scandal

Ngabe ngehlulekile njengoMholi waleli Diocese uma nginganiqwashisi ngendaba ka-R40Million.Thina esiseMikhandlwini yeKerike engenhla nangezansi sinecalo lokubikela abasikhethile ngokwenzeka kulemikhandlu. I-GA okuyiGeneral Assembly kanye neChurch Council akaze kuthathe isinqumo noma kugunyaze kumbe kunike amandla noma ubani ukuba ayokhipha i-R40 million kwa-Old Mutual iyofakwa lapho kungaziwa khona. Othi kunesinqumo esathathwa ingakakhishwa akakaze asikhombise sona. Abayikhipha basikhombisa isivumelwane abasenza nabasenza nabo ukuthi bethenjiswa ukuthi kuzotholakala u-4 billion emavikini amane nje vo kutshalwe lo-R40 million. Noma lo-R40 million kumbe u-4 billion ungakhokhwa namuhla ngeke usakwazi ukwelapha uqhekeko eseludalwe ukunyamalala kwawo. Kuyalihlukanisa iKerike kudala ukuzondana

nokuhlebana kubulala izinto eziningi kuhlaza iKerike ukunyamalala kukaR40 Million. Ubunye beKerike busengcupheni.

Abanye bathi akudokwe ligayelwe thina lelo! Lutho-ke ligayelwe wena impela. Futhi njengeDiocese seniqalile ukuwukhokha lo-R40 million. Njalo ngenyanga sekubhekeke ukuba nikhokhe R100 000-00 niwuse esikhwameni sika-ELCSA. Imali engango-R250 000-00 isiphumile ku-One Million Drive ukukhokha isikwenetu sabafundela uBufundisi; Njalo uma siya kuChurch Council nakuGA sekukhokha iDiocese; izinhlelo eziningi azisaphumeleli ngoba kwanyamalala lemali. Nginiphonsela inselelo ukuba nisukume ngobuningi benu nithi **sekwanele ayibuye yonke i-R40 Million igcwele hhayi ngamancozuncozu**. Izoze ibuye ngamancozuncozu nje ihlezi kuphi ngemvume kabani? Yeluswe (monitored) ngubani ukuthi izalani nini? Ukuba uMkristu akusho ukuba isilima!

Diocese enhle khulekelani imikhandlu yonke yeKerike enayikhethayo kanye namakomiti kunesihlava senkohlakalo esesingene usungafunda ukuthi uNkulunkulu usuke esathathe isithongwana nxa sihlangene lokho kubonakala ngezinqumo ezinonya nenzondo ezingakhi ezike zithathwe – yilowo kuphela ezawa ehashini ongathi akaboni nkinga emikhandlwini yeKerike namakomiti eKerike!

Phumela obala umele iqiniso ulivikele, ulifele!

UJesu uyiQiniso; iQiniso liyakunikhulula!